

# *AMAHEBHERU,*

## *ISAHLUKO SOKUQALA*

 Futhi ukunika o—okuncinyane . . . Ngicabanga ukuthi akula okungcono, kimi, kuleLizwi nje. “Ukholo luza ngokuzwa, lokuzwa iLizwi lika Nkulunkulu.”

<sup>2</sup> NgoLwesithathu, futhi mhlawumbe ngeSonto, enye yezinkonzo yangeSonto, ukupha umalusi nje ukuphumula okuncinyane, lokho akufaneleyo sibili, futhi ngacabanga ukuthi mhlawumbe singathatha iBhuku eBhayibhilini. Sasivame ukukwenza lokho, futhi kwesinye isikhathi sihlale umnyaka kilo.

<sup>3</sup> Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi sahlala umnyaka ogcweleyo eBhukwini leSambulo. Kodwa, O, minabo, izinto esazifundayo, futhi lokuthi kwakumangalisa kangakanani! Khona-ke sabuyela emuva futhi sathatha iBhuku likaDaniyeli, kumbe iBhuku likaGenesi, kumbe uEksodus, futhi nje silithathe lona, isahluko ngesahluko, futhi liyabopha nje iBhayibhili lonke ndawonye. O, ngiyakuthanda nje lokho!

<sup>4</sup> Emva kwesikhatshana, kuzafanele sithole i . . . Nxa iNkosi iqhubeka ukubusisa futhi siye phambili, sizangena kwezinye izinto eejulileyo sibili phakathi lapha, eejulileyo sibili. Futhi sizahamba nje indawo ngendawo, eMbhaweni, lakho.

<sup>5</sup> Futhi ngithanda ukwenza uMbhalo uqathaniseke loMbhalo. Yindlela okufanele kube ngayo. Ngumfanekiso owodwa omkhulu omuhle. Futhi kuleliBhuku esilifundayo, sizangena phakathi, o, insindiso, lokusiliswa kwaPhezulu, lezimangaliso, lezhawu. Futhi o, yonke enye into ingena phakathi lapha.

<sup>6</sup> Futhi mhlawumbe lapho ngifikasi endaweni lapho okumele ngyiye emihlanganweni . . . Angila lwazi nje ukuthi kunini engiyakuba khona emhlanganweni, ngibizwe emhlanganweni, ngoba angila lutho oluhleliwego ngize ngizwe nje ngikhokhelwa ukwenza into ethile. Futhi lokho kungaba kungakasi, ngingandizela eCalifornia, ngize ngiye eMaine, kumbe kwenye indawo, lapho nje Azangibizela khona. Yiso isizatho ngingahleli ezinkulu, inhambo ezinde, ngoba angeke ngikwenze lokho. Inkonzoo yami kayiqunywanga ngaleylo ndlela, futhi yahlukile nje.

<sup>7</sup> Futhi manje ngibuya ngekhaya ukuzophumula kancinyane nje. Ngilahlekewa ngamaphawundi angamatshumi amabili, kulumhlangano wokucina. Futhi uMfowethu Mercier loMfowethu Goad bebekhona, isikhatshana esedluleyo, futhi

bathi, "Mfowethu Branham, ngiananzelela lokho okwenzayo. Ubeka inhliziyo yakho yonke kikho."

<sup>8</sup> Ngathi, "Yiyo indlela kuhela ongenzela ngayo iNkosi uhlobo lomsebenzi oqondileyo, yikubeka konke olakho kube phambili ngoKhristu; amandla akho wonke, umphefumulo wakho wonke, inhliziyo yakho yonke, ingqondo yakho yonke, yonke into olayo." Lapho usenza ulutho, lwenze kahle kumbe vele ungalwenzi lakancinyane, bona, lutshiye nje lunjalo. Nxa uzakuba ngumKhristu, beka yonke into olayo kuKhristu, lokho, yisikhathi sakho, isipho sakho, into yakho yonke.

<sup>9</sup> Nginanzelele nje lumfo omcinyane. Lowo ngumkakho, Mfowethu Burns, yikho na, lokho kukhalisa lokuhlabela laphana, laba ababili abatsha. Futhi—futhi kayisiyo ipiyano, njalo akusiyo ogani, kodwa kungolunye uhlobo lokukhaliswayo, bayayikhala intambo futhi bayifice, futhi benzele iNkosi ulutho. Mhlawumbe ungakwenza lokhu, futhi uhlabele, lokho, yikuzuza imiphefumulo. Yenza ulutho, kungela ndaba. Nxa u—ungatshaya ukhwelo, awu, tshaya ukhwelo. Yenza nje olunye ulutho. Fakaza nje, kumbe uwenzele uMbuso kaNkulunkulu ulutho. Loba yini olakho, kukeke ekusetshenziselweni inkonzo kaNkulunkulu.

<sup>10</sup> Manje, asisoze sizame ukuhlala isikhathi eside, ngoba ngiyakwazi liyasebenza. Kufanele liphangise ukuvuka. Futhi ngiyazingela osinti ukusa konke. Ngizalitshela nje iqiniso. Yikho lokhu engikwenzayo. Yikho lokhu engikubuyele ekhaya, yikuphumula kancinyane. Futhi khona ngiyavuka, ngokungaba ngelesine nta, futhi ngisiya phandle egangeni futhi, awu, ngizingele kancinyane futhi ngihambe ngiyelala. Futhi sengisengeza okunye kwaleso sisindo, ngakho ngizaphumula, emva kwesikhatshana, nxa u...iNkosi ithanda. Futhi yonke into ilungile.

<sup>11</sup> Kulungile, khathesi, sizakuvula amaBhayibhili enu. Ngifuna lilethe amaBhayibhili enu ubusuku ngabunye, ukuthi li...lapho liselenisa. Nxa omunye engela amalutshwane, omunye engafuna ukulandela okubalwayo, silawo amanye lapha, sizakuba la... abanye bama asha ukwanikeza. Ukhona ofuna elilodwa na? Awu, phakamisa isandla sakho nje.

<sup>12</sup> Kangazi nxa uMfowethu...Doc, ungaruya lapha futhi uthathe amaBhayibhili lawo. Ume eduzane lapho, loMfowethu Burns. Ngabe kunjalo, Burns? Ngimuzwe esithi...[Um]fowethu uthi, "Conrad."—Mhl.] Ini? ["Conrad."] Conrad. Ngambiza... Ngingani sengisizwa nzima, mhlawumbe, Mfowethu Neville. Ngalithola njani ibizo lika Burns? Ngiyabazi ubuso baleyo ndoda, futhi kangingeke nje, angenelisanga ukubiza ibizo lakhe.

<sup>13</sup> Futhi liyazi, lapho usiba mdala kancinyane, ngithola into eyodwa, kunzima kimi ukubala iBhayibhili leli. Futhi

ngiyakuzonda nje ukucabanga ngokugqoka amangilazi, ukubala iBhayibhili.

<sup>14</sup> Kodwa, lapha kungasi kude, ngangicabanga ukuthi ngasengisiba yisiphofu. Futhi ngaya ukuyabona uSam. Futhi uSam wathi, “Bill, kangazi.” Wathi, “Ngizakukubekela isikhathhi nje ukuthi ubonane lengcwethi.”

<sup>15</sup> Ngaya eLouisville. Kufanele ukuba kwakuyintando yeNkosi. Enye ingcwethi edumileyo; Ngiyakhohlwa ibizo lakhe manje. Kodwa wayebale ibhuku lami. Futhi wathi, “Nxa ungabuyela eAfrica, ngifuna ukuhamba lawe.” Wathi, “Futhi nxa u... Labo bantu baseAfrica bayakuthanda.” Futhi wathi, “Bayacabangela kakhulu, ikakhulu ngenqamu, ukusikasika. Ngakho,” wathi, “Ngifuna ukunika inyanga eziyisithupha zempilo yami, okokuhlinzwa kwamaxolo amehlo lezinto, eku... kumishini.” Futhi wathi, “Nxa singahamba sonke, njalo sithole ukuthandwa yibo, njenga lokho,” wathi, “khona-ke nxa bebelamaxolo emehlwani lemisebenzi yamehlo,” wathi, “Ngingathanda ukukunika, kungela mbadalo, inyanga eziyisithupha zakho.” Futhi ngiyakhohlwa ukuba kufanele ulindele isikhathhi eside okungakanani ukubonana laye.

<sup>16</sup> Futhi sasislezi ekamelweni elincinyane futhi lalilo kuncane—kuncane ukukhanya okubomvu okwabuyayo, emuva-le ekamelweni elimnyama. Ngani, ngangisenelisa ukubala lawo mabala. Kwathi matshumimabili-matshumimabili. Ngangikubala ndlela zonke. Futhi wakufaka kutshumilanhlalu-tshumilanhlalu, futhi ngangisenelisa ukukubala. Futhi ngakubeka khona kutshumi-tshumi, futhi ngangisenelisa ukukubala. Wathi, “Awu, akula okubi kangako ngamehlo akho.”

<sup>17</sup> Ngakho wayele teleskopu encane. Wafaka okungumtshina okuncane ngemuva lapho, into encane, liyazi. Lawo mateleskopu amadala, bangaki abawakhumbulayo? Sasivame ukukhangela ngawo, ukukhangela imifanekiso, njenga lokho. Futhi wathi, “Ungakubala lokho?”

Ngathi, “Yebo, mnumzana.”

Wasesithi, “Akungibalele khona.”

<sup>18</sup> Kwakule, o, indima yonke, ephosa ukuba njenga *lokho*. Ngaqala, ngakubala; waqala ukukudonsela phezulu, njenga *lokho*, ngiphuza futhi ngiphuza. Wasefika kwaba phose njenga *lokhu*, ngama. Wathi, “Ngingakutshela into eyodwa, usudlule amatshumi amane.”

Ngathi, “Yebo, kunjalo, kade ngedlula.”

<sup>19</sup> Wathi, “Ukwenze kanjani?” Wathi, “Ilihlo lomuntu, ngokwemvelo, lapho ufika iminyaka engamatshumi amane ubudala, njengenwele zakho ziba yimpunga, lokunjalo, inhlamvu yelihlo iyacima.” Wathi, “Manje, nxa ungaphila

isikhathi eside okweneleyo, lokho kuyaphenduka njalo.” Wathi, “Lokho kubona kwesibili, bakubiza njalo. Kodwa,” wathi, “umuntu, ongaba leminyaka engamatshumi amane ubudala, ngeqiniso baza . . .” Wathi, “Akula nto embi ngamehlo abo.”

<sup>20</sup> Nginga—ngingalubona unwele nxu lughansi esibuyeni, ngilususe kimi. Kodwa sondela duze lami . . . Futhi wathi, “Khathesi, uyabala iBhayibhili lakho,” wathi, “uyalifuqela khatshana lawe.” Wathi, “Emva kwesikhhatshana, ingalo yakho kayisoze ibende okweneleyo, uze ungasenelisi—ungasenelisi ukuyiyelula kude okwaneleyo ukuze uyibambe.”

<sup>21</sup> Futhi-ke wangenzela amangilazi, futhi ingxenyne yangaphansi ungenelisa, ngeyokubala. Wathi, “Manje, kuhuluphithi yakho . . .” Wayecabanga ukuthi ngingomunye walaba abatshumayeli abaphakemeyo abalapha, liyazi. Futhi-ke wathi i . . . wena . . . Ingxenyne yaphezulu lingilazi elijwayelekileyo lamafasitela, ingilazi elijwayelekileyo nje. Futhi ingxenyne yaphansi ilohlobo lokubazwa kikho, ukuthi ngingabala ngiseduzane, liyazi, njenga *lokho*. Ngakho ngiyazonda ukuwagqoka; ngiyazonda.

<sup>22</sup> Futhi manje, ekufundiseni kweBhayibhili, futhi ngile Thestamente eliTsha lobibusuku. Ngakho ku . . . Ngile Thestamente eliTsha likaCollins futhi lilamabala alingeneyo okuhle. Kodwa manje, lapho ngibuyela kwelinye, ngi—ngingabuyela kubangane abadala, futhi—futhi ngingathi ngibale ngawo. Kodwa loba yini okuyikho, ngi—ngiyathaba ukuthi ngilenye into e—engisayenelisa ukuyibala. La—la—laloba yini engilakho, ngizanika wonke umuntu into yonke engiyenelisayo, enkazimulweni kaNkulunkulu, ngithemba ukuthi Uzakhupha leso siboniso sokuluphala asisuse. Angeke ngimcele ukuba asuse ubudala bami. Ngi . . . Yebo, yinto nje eyodwa sonke esifanele siyenze. Kufanele sedlule kulokho. Futhi ngiyazi kangisuye mfana omncane njengalokho engangivame ukuba yikho, ngimi lapha kupulathifomu. Ngileminyaka engamatshumi amane lesificaminwembili ubudala. Futhi cabanga nje, eminye imnyaka emibili, ngizabe sengilemnyaka engamatshumi amahlanu ubudala, Mfowethu Mike.

<sup>23</sup> Minabo, ngikukholwa kanzima! Nje ngi . . . Angibanga kwazi ukuthi sengidlule amatshumi amabili kwaze kwaba yiminyaka emibili edluleyo. Kunjalo. Kunjalo. Nje ngi . . . Angizange ngikukholwe. Futhi kanti ngi—nги . . . Kunzima kimi ukuthi ngikukholwe ngize ngikhangale esibukweni, futhi-ke ngi—ngiyazi ukuba yikho, khona-ke. Kodwa—kodwa ukuba ngikhangale nje, ngizwa kahle njengalokho ebengahlala ngikuzwa empilweni yami, futhi ngilokubonga ngalokho, futhi. Uduomo lonke kalube kuNkulunkulu.

<sup>24</sup> Manje, sitaditsha iBhuku lamaHebheru. Sekube . . . O, ngelineye lalawo ajulileyo sibili, acebileyo amaBhuku

aseBhayibhilini. Ngiyalitshela, liBhuku sibili lelo eliza...Nxa uNkulunkulu evuma, futhi njalo singene kulokhu, Ngiyakholwa sizathola imbumbuluza zegolide size simemeze indumiso kuNkulunkulu sonke isikhathi. Futhi khathesi ngi...

<sup>25</sup> IBhuku lamaHebheru, lokho Eliyikho sibili, Lifanelwa ukuba lalotshwa nguPhawuli oNgcwele, umchasisi omkhulu weBhayibhili, ngiyathemba, umhlaba ongakaze ubelaye, ngaphandle kweNkosi yethu uJesu Khristu. Futhi uPhawuli wayesehlukanisa i...Manje, uPhawuli wayengumfundisi weBhayibhili sibili; okuyikuthi, iThestamente eliDala. Yilo kuphela iBhuku elalilotsiwe ngalesosikhathi, elibizwa ngokuthi iBhayibhili. Futhi wayezama ukutshengisa kumaHebheru, esehlukanisa iThestamente eliDala futhi etshengisa iThestamente eliDala liyisithunzi kumbe umfanekiso weliTsha.

<sup>26</sup> Khona lapho singabamba into eqakathekileyo futhi sihlale inyanga ezintathu khona lapho kulowo mcabango owodwa, khona lapho. Ukubuyela khona emuva, nxa singavula emaBhayibhili ethu khathesi, ngoba sikumaHebheru, isahluko 1. Kodwa nxa singavula kuSambulo, isahluko 12, belizakubona ngokupheleleyo njalo, ukuthi kanjani amathanzi. Nxa...lin a elilamapenseli enu futhi lizabhala phansi iMibhalo. Kuma Heb-...

<sup>27</sup> KuSambulo 11, siyathola ukuthi uJohane, esihlengeni sePatmosi, wabona umfazi emile ezibhakabbheni, futhi wayelelanga ekhanda lakhe lenyanga ngaphansi kwenyawo zakhe. Futhi umfazi wayehelelwa, ngomntwana owayezakuzalwa. Wazala umntwana wesilisa. Umgobho obomvu wema, ukudla umntwana lapho esanda kuzalwa. Futhi u-umntwana wahluthulelwa eZulwini, futhi umfazi wabalekela enkangala lapho ondliwa khona okwesikhathi, isikhathi, lengxenyen yesikhathi, kumbe ukwehlukanisa kwesikhathi.

<sup>28</sup> Manje, umfazi wayemela ibandla, loMntwana amzalayo kwakunguKhristu. Inyanga eyayingaphansi kwenyawo zakhe kwakungu mthetho, ilanga ekhanda lakhe kwakungumusa. Inkanyezi ezilitshumi lambili emqhele ni wakhe kwaku ngabapostoli abalitshumi lambili. Futhi kulapho, kukho lokho... Abapostoli abalitshumi lambili kwakuyinkazimulo kumbe ukwetheswa umqhele weThestamente eliTsha. Bona? "Ngoba akula ezinye izisekelo ezingabekwa kula lokho osokuvele kwabekwa." Bona? Sona, isiSekelo, i-iThestamente eliTsha, abapostoli, iMfundiso yabapostoli, lokunjalo, ngumqhele wokusungulwa kweThestamente eliTsha. Futhi ke khona e...

<sup>29</sup> Inyanga yisithunzi selanga. Ilanga litshengisa ukukhanya kwalo lapho lingemuva komhlaba. Futhi inyanga inika ukukhanya, okokuhamba ngakho, ebusuku. Futhi ngumfanekiso

omuhle kanjani esilawo lapha, omunye umfanekiso omuhle: ilanga limela uKhristu; i—inyanga imela iBandla. Kunjengomfazi lendoda. Futhi lapho uKhristu engekho, iBandla libenyezelu ukuKhanya okuncane, iVangeli. Futhi yi—yikuKhanya okokuhamba phakathi kwakho kuze kuthi iNdodana ivuke njalo, khona-ke iBandla leNdodana, inyanga lelanga, kuhlangana ndawonye. Bona? Inyanga yingxenyelangana, futhi iBandla liyingxenyelangana kaKhristu. Futhi lapho uKhristu engekho, iBandla libenyezelu ukuKhanya Kwakhe. Futhi-ke impela njengokuba sibona inyanga ikhazimula, iyakwazi ilanga liyakhazimula kwenye indawo. Futhi ingqe iBandla libenyezelu ukuKhanya kukaKhristu, uKhristu uyaphila kweyinye indawo. Ameni. Kucabange.

<sup>30</sup> Manje, umthetho wawungumfanekiso womusa, kodwa umthetho wawungela mandla okusindisa kiwo. Umthetho kuphela wawuli... Umthetho wawulipholisa. Ipholisa liyakufaka entolongweni, kodwa, uyabona, kwathatha umusa ukukukhupha entolongweni. Bona?

<sup>31</sup> Ngakho iGazi likaKhristu, iVangeli, liyasikhulula esonweni. Umthetho usenza sibe yizoni kuphela. Umthetho wathi kuphela, "Uyisoni. Ungantshontshi. Ungafebi. Ungafakazi amanga." Bona? Lipholisa elithi uphambanisile futhi ulecalala. Kodwa iVangeli yindaba ezinhle. UKhristu wafela ukusisindisa eziphambekweni zethu zonke, ukweqa umthetho. UKhristu wafela ukusiphumisa.

<sup>32</sup> Manje, uPhawuli, esanda kuphenduka, akabuzanga loba yiphi iseminari, loba ukubuza noma baphi abatshumayeli. Kodwa linanzelele na? Wehla phansi eArabiya, futhi wayelapho okweminyaka emithathu, eArabiya. Manje, lokhu ngokwe, ngombono wami, ukuthi...

<sup>33</sup> Khathesi, kufanele sithole isisekelo salokhu, khona sizakuba kwazi ukuthi kuqakatheke okunganani. Futhi isifundo sokuqala, lobubusuku, sithatha isisekelo sethu.

<sup>34</sup> Manje, uPhawuli waye ngumfundisi weBhayibhili sibili, ngoba wafundiswa ngaphansi kwalowo omkhulu, uGamaliyeli owayedumile sikhathi sonke. Futhi wayengomunye wabazakalayo kakhulu bosuku, lowo mfundisi omkhulu womthetho labaprofethi. Ngakho, uPhawuli wayefundiswe kahle entweni lezo.

<sup>35</sup> Futhi-ke ngimthanda ngalindlela, lesisambulo esikhulu, ethembekile enhliziyweni yakhe, umbulali, wavumela ukufa kukaStefani futhi wabona uStefani esifa ngaphansi kwamatshe lamagade okukhandwa aze afe. Ngicabanga ukuthi kufanele ukuthi kwambamba uPhawuli lapho ebona uStefani ephakamisela izandla zakhe eZulwini, futhi wathi, "Ngibona amaZulu evuleka. Ngibona uJesu emile esandleni sokunene

sikaNkulunkulu.” Futhi wathi, “Baba, ungabeki icala lesono kibo.” Futhi waselala.

<sup>36</sup> Likunanzelele lokho na? Akafanga. Walala. Njengo... Angikholwa ukuthi walizwa elinye ilitshe. Njenge ngane esifubeni sikanina, ilala, uStefani walala engalweni zikaNkulunkulu.

<sup>37</sup> Kulenye into, mayelana ngoPhawuli, eyambambayo. Khonake yena, loba nguphi umuntu ongaphansi kokuhlabeka, ezama ukuKulwisa, uyagiqika kumpristi omkhulu futhi athole incwandi. Wathi, “Ngizabopha bonke abantu ababanga wonke lowo msindo, lalezonhlanya;” okwakubalwa, lokho esingakubiza lamuhla, olunye, “uhlanya olwedulisa amalawulo,” kumbe olunye ulutho olunjengalolo, besenza umsindo omnengi futhi bebangela isiphithiphithi. “Sizakwehla phansi nje futhi sikulungisise.”

<sup>38</sup> Futhi endleleni yakhe esehla, endala encane...hatshi umgwaqo omkhulu njengalowo esihamba kiwo. Futhi yona imigwaqo yePalestine, indledlana ezincinyane nje, njengendledlana zenkomo phakathi kwezihlahla lapho inkomo, lezimvu, lamabhiza, labobabhem, lamakamela, ahamba ezintabeni.

<sup>39</sup> Futhi uPhawuli, endleleni yakhe esiya eDamaseko, sokusiba yimini, ngolunye usuku, ukuKhanya okukhulu kukhazimula phansi futhi kwamtshayeleta phansi. Akula muntu owaKubonayo kodwa uPhawuli. Ngifuna likunanzelele lokho. Futhi khona lapha, lokhu akuqondananga lomuntu manje, kodwa nje ukuthi sikhokhelela kulesisisekelo. Ukuthi lizakubakwazi ukuthi lowo Jesu ofanayo... .

<sup>40</sup> Manje, lapho Esaselapha emhlaben, Wathi, “Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiyabuyela kuNkulunkulu.”

<sup>41</sup> Manje, lapho Ekhokhela abantwana bakoIsrayeli, Wayeyi Nsika yoMlilo. Futhi Wensiwa wabayinyama, khona-ke Wabuyela kuleyo Nsika yoMlilo efanayo. Futhi lapho Ehlangana loPhawuli endleleni esiya eDamaseko, Wayeyileyo Nsika yoMlilo, lokho kuKhanya, bona, ukuKhanya okukhulu. Futhi uPhawuli wathi, “Ngubani Lowo engimhluphayo?”

<sup>42</sup> Wathi, “Ngingu Jesu, Lowo omhluphayo,” ukuKhanya. O, Akamangali na?

<sup>43</sup> Futhi nango Elapho, lobubusuku, khona lapha kanye lathi. Waba lomfanekiso Wakhe owathathwayo khona lapho, Into efanayo, bona, Insika yoMlilo, ukuKhanya, njengokufanayo lalokho Ayeyikho, “Ofanayo izolo, lamuhla, lanininini.”

<sup>44</sup> Manje amadoda ayekanye laye kawazange abone lokho Kukhanya, kodwa kwaKukhona nje ngokufanayo. Impumela inika okufanayo.

<sup>45</sup> Manje, kungenzeka ukuthi—ukuthi omunye umuntu engabona uKhristu kulesi isakhiwo futhi kungela omunye oMbonayo? Sibili. Kwenzakala lapho.

<sup>46</sup> Kwenzakala njalo ngobunye ubusuku lapho uPhetro esentolongweni. Futhi lokho kuKhanya kwangena entolongweni, futhi kwathinta uPhetro, futhi kwahamba khona kumlindi ongaphakathi, umlindi ongaphandle, kwahamba esangweni, isango elikhulu, lesango ledolobho. UPhetro wathi, “Kufanele ukuthi bengiphupha.” Kodwa wathalaza, kodwa ukuKhanya kwakungasekho; uKhristu, lowo olaPhakade, ukuKhanya okungapheliyo. Nango Lapho. Manje, endleleni phansi...

<sup>47</sup> Futhi khangela, enye into, nxo besingakhuluma ngalokhu, kubuye nje enqgondweni yami. Kodwa izazi zalandela iNkanyezi, indlela yonke zivela eIndia, ilizwe laseMpumalanga, izinyanga, bengena ezihotsheni lasezinkangala (bedlula iziboniso zokuphezulu; futhi bagcina isikhathi sobusuku ngezinkanyezi) Futhi akula owezemba kumbe owake wakhuluma ngokubona leyo Nkanyezi kodwa izazi. Kwakwenzelwe bona ukuthi baYibone.

<sup>48</sup> Ngakho ungabona izinto omunye umfo angeke azibone. Kuwe, Kuqotho. Kuye, abakuzwisi. Njengokuphenduka; ungaphenduka futhi ukholisa izibusiso zikaNkulunkulu, unatha nje—nje ezibusisweni zikaNkulunkulu. Futhi omunye umfo, ohlezi eceleni kwakho, “Angiboni lutho.” Bona? Bona? Yikho. “Angikutholi nje. Angiboni ukuthi kumayelana ngani.” Awu, kakutholi Khona nje. Yikho kuphela. Lapho, okhona.

<sup>49</sup> Nanzelela manje, uPhawuli esendleleni yakhe esehla. Futhi khonapho lesisehlakalo esikhulu sisenzakala kuye... Manje, wayengasuthisekanga... Yikho okwenza uPhawuli abemuhle kakhulu.

<sup>50</sup> Manje, isifundo sethu lobubusuku asijulanga. Yisifundo esingajulanga, kodwa, o, sizangena kokujulileyo, emva kwesikhatshana. Kodwa lesi yisifundo esingajulanga sibili, kodwa siyaqala nje. Lokuthi siyini, siyinto eyodwa, lokho yikuphakamisa uJesu Khristu. UPhawuli, okokuqala.

<sup>51</sup> Futhi engakenzi lokhu, uPhawuli wayeyisifundi seBhayibhili. Futhi isifundi seBhayibhili asisoze seyamise imfundiso yaso phezu kwezehlakalo. Hatshi, mnumzana. Kabasoze beyamise imfundiso yabo phezu kwezehlakalo. Ungaba lohlobo bani lwesehlakalo. Kodwa kufanele sibe yi-ITSHO KANJE INKOSI. Kuqondile.

<sup>52</sup> Manje, kuThestante eliDala, babelendlela ezintathu ezechlukeneyo abangabakwazi umbiko. Okokuqala, umthetho, lowo kwakungu mthetho nje. Khona-ke, babelo—lomprofethi; umphuphi; futhi babele Urimi Thumimi. Manje lokho kungabe kujulile kancinyane.

<sup>53</sup> IUrими Thumimi yaye iyisambatho sesifuba uAroni ayesigqoka esifubeni sakhe. Phakathi lapho kwakulamatshe alitshumi lambili: ijaspa, isardiyasi, carbuncle, lokunjalo kusiya kusehla. Bonke bathola amatshe amakhulu alitshumi lambili, ayephakathi kwesambatho sesifuba, kutshengisa ukuthi wayengumpristi omkhulu wezizwe zonke, izizwe ezilitshumi lambili zakoIsrayeli. Lesi sambatho sesifuba salenga phezu kwensika ebandleni. Futhi lapho umprofethi eprofetha, futhi babefuna ukuqiniseka ukuthi kwakuyikho, kumbe hatshi, abaprofethi kumbe abaphuphi babesima phambi kwaleyi iUrими Thumimi, futhi akhulume iphupho lakhe kumbe umbono wakhe, loba ini ayekubonile. Futhi nxa ukuKhanya okuNgewe...O, liyakubona na? UNkulunkulu wayehlezi ehlala esigabeni sokukamoya. Ingxubengxube, ukukhanya lokho, kwakujwayelekile kuze kuthi lelilizwi liphume. Futhi lapho ilizwi litshaya lawo matshe, nxa kwakungayisikho okuphandle kwemvelo, kwahlala kuthule. Kodwa nxa kwakuphandle kwemvelo, ukuKhanya konke lokho kwakubenyezela umbala womchilo wamakhosikazi ndawonye. Ameni. Khona-ke, lowo kwakunguNkulunkulu ekhulum, “Lowo ngumprofethi Wami.” Kumbe, “Iphupho leli livele Kimi.” Kwakumayelana ngeUrimi Thumimi ababesahlulela ngayo.

<sup>54</sup> Khumbula uSawuli lapho ehleholele emuva? Wathi wayengasakwanisi ukuba lephupho. Futhi umprofethi, uSamuweli, wayesefile, futhi kwakungela ndlela. Wathi, “Loba iUrими ayisa khulumi ngitsho lakimi.” Akulalutho. USawuli wema phambi kweUrimi, lamazwi akhe ayeyize. Bona? UNkulunkulu wamala nje. Futhi leyoUrimi Thumimi, kwakuyisi qiniseko sikaAroni sobupristi bakhe. Emva uAroni esehambile, uMose, i—isambatho salenga ensikeni.

<sup>55</sup> Manje, ubupristi bukaAroni baphela lapho uJesu esifa. Futhi manje, wehlukanisa umthetho emuseni, silokhu sisasele Urimi Thumimi. Futhi uPhawuli wayeyisebenzisa. Bona? IUrими Thumimi lamuhla ngelikaNkulunkulu Elingabhubhiyo, elilaPhakade, iLizwi elingapheliyo. Bona?

<sup>56</sup> “Ngoba lowo ozaphungula ulutho kuleliBhuku, kumbe angezelele ulutho Kilo.” Kangifuni lutho ngaphandle Kwalo, kodwa ngifuna konke Elilakho. Yilo iBandla esilifunayo. Futhi zonke izinto kufanele zifikazwe ngeLizwi.

<sup>57</sup> Yiso isizatho ngabamba iphutha manjemanje phakathi kwabantu bamaPhentekhostali, ngoba, ngisithi, “Ngangingazwisi lapho amafutha ephuma ezandleni zakho, kumbe igazi ebusweni bakho, kwakuyisibonakaliso sokuthi uloMoya oNgewe.” Lokho akukho eMbhaweni futhi a—angizange ngenelise ukukuthatha. Kufanele kuvele eLizwini.

<sup>58</sup> Futhi manje, uPhawuli, wayelithanda nje iLizwi. Ngakho, ngaphambi kokuba afakaze lesi sehlakalo esikhulu ayelaso,

wehla eGibhithe okweminyaka emithathu. Ngiyakholwa kwakuyiminyaka emithathu, iminyaka emithathu phansi eGibhithe. Futhi uyazi lokho engikholwa wakwenza? Ngiyakholwa ukuthi wathatha iThestante eliDala, wahlolwa kuThestante eliDala, futhi wafumana ukuthi Lowo wayenguMesiya uqobo. Wayemele afakaze isehlakalo sakhe ngeBhayibhili. Ameni. O, minabo!

<sup>59</sup> Mkhangele lapho esentolongweni. Uyananzeleta, kukhona i—indawo yempilo kaPhawuli lapho ayesentolongweni lapho okwesikhathi eside. Wabhala iBhuku labaseEfesu. Wabhala liNcwadi yamaHebheru. Bona? Wayelesikhathi. UNkulunkulu wambeka khona ngale entolongweni, futhi wabhalala iNcwadi lezi emabandleni. Enye ebandleni labaseEfesu. Wabhalela enye ebandleni lamaPhentekhostali, waba lenhlupho ezinengi ngabo. Ibandla lePhentekhostali waba lohlupho olunengi ngalo ukwedlula omunye umuntu wonke. Kulokhu kunjalo. Kodwa wayelokubonga ngabo. Into kuphela ayengabafundisa yona... Lapho bengena: omunye wayelolimi, omunye wayelehubo, omunye wayelamadlabuzane, omunye wayelomuzwa. Wayengelakukhuluma, ukukhuluma labo, “Ukulondeka okulaPhakade.” Wayengela kukhuluma labo, “ukumiselwa ngaphambili.” Wayengelakukhuluma labo, babezingane. Bonke kwakumele—kwakumele bazwe enye into, kumbe babone enye into, kumbe babelemizwa engazwisisekiyo, futhi, kumbe eyinye into ebazingelezeleyo, ubufakazi obuthile.

<sup>60</sup> Kodwa ngiyakholwa, lapho ekhuluma labaseEfesu, wayengakhuluma ngokuthi, “UNkulunkulu wasimisela ngaphambili ukuba ngamadodana lamadodakazi, futhi wasibeka ubuntwana njengabantwana kuJesu Khristu ngaphambi kokusekelwa komhlaba.” Khangela lokho. Minabo!

<sup>61</sup> Umkhangele esiza eBhukwini labaseRoma, lokunjalo. Basebekhulile. O, bakhuluma ngendimi, sibili, futhi babelezinye izibonakaliso zikaMoya oNgcwele phakathi kwabo. Kodwa kabenzanga izimfundiso, lamadlabuzane, lokuqhuqha okuncinyane, lemizwa engazwisisekiyo.

<sup>62</sup> UPhawuli wathi, “Lina—lina—lina lidlulisa amalawulo ngalokho. Lapho lifanele ukuba lifundisa, lokhu lisasezingane futhi kufanele libe lochago.”

<sup>63</sup> Manje, lokho yikho engihelezi ngizama ukukulwela lelithabhanekeli ukuba yikho, hatshi ixuku lezingane. Kasibeni ngabakhulileyo. Sime emgwaqweni. O, minabo! Nanko-ke.

<sup>64</sup> Ngakho, uPhawuli uyahamba phansi lapho, kuqala, ukubona uba isehlakalo sakhe sasihambelana leBhayibhili likaNkulunkulu.

<sup>65</sup> O, kwakungasoze kumangalise na, lamuhla, uba abantu benza lokho kuphela njalo, uba sayenza isehlakalo sethu sahambelana leBhayibhili likaNkulunkulu? Nxa

singahambelani, khona-ke isehlakalo sethu ayisiso; asibaneki kuUrimi Thumimi. Nxa sibaneka phakathi Lapho, ameni, yazi ukubana uLakho. Kodwa nxa singabaneki, okunye... Angilandaba ukuthi kukhangeleka kanjani, kukhangeleka ngempela sengathi kulungile; nxa ukukhanya lokho kungabanekanga kuleyoUrimi Thumimi, kwakungayisikho.

<sup>66</sup> Futhi akulandaba ukuthi ulesehlakalo esinganani obe laso, sikhangeleka siqiniseke okunganani, singabe sizitshengisa kanjani, ukuthi silokufundisa okunganani, yisikhali esikhulu esokuzuza imiphefumulo; nxa kungabaneki eLizwini, ayisikho. Kunjalo. Kufanele kuqondane leLizwi.

<sup>67</sup> Manje, ngiyakholwa e...kulephakathi laphakathi yomgwaqo. Umgwaqo, manje, izikhathi ezinengi... Ngangivame ukuya ebandleni leNazareni. INkosi ibusise labobantu abathandekayo. Abendlela zakudala, amaMethodisti angcweliwiweyo yikho abayikho; ichurch of God, iNazareni, iPilgrim Holiness, lamanengi alawo mabandla amahle akudala angcwele. Futhi babevame ukuhlabela ingoma:

Ngihamba emgwaqweni omkhulu omdala omuhle,  
Ngikhulumu yonke indawo lapho engiya khona,  
Ngingangcono ngibe ngumKhristu wesikhathi sakudala, Nkosi,  
Kuloba yini engiyaziyo.

<sup>68</sup> Kuhle. Kuyamangalisa. Futhi-ke babevame ukukhuluma ngomgwaqo omkhulu wobungcwele. Manje, nxa ungarabala phezu kwakho, bakuthola lokho kuIsaya, isahluko 35. Manje, nxa linganenzelela, wathi, “Kuzakuba lomgwaqo omkhulu, lendlela.”

<sup>69</sup> Manje, *le* yisihlanganiso. Bona? Umgwaqo omkhulu, kwakungasimgwaqo omkhulu wobungcwele. “Kuzakuba ngumwaqo omkhulu, lendlela, futhi izakubizwa ngokuthi, ‘Indlela yobungcwele,’ hatshi umgwaqo omkhulu wobungcwele. “Indlela yobungcwele!” Lendlela yomgwaqo yiphakathi laphakathi yomgwaqo. Yakhwiwe njenga *lokhu* ukuze amanzi akhukhulele izibi, emaceleni onke, kugcine umgwaqo uhlanzekile. Ungekela ukwenza njalo, uba lamachibi endleleni yakho, isikhathi sonke, nxa ungakhiwangka kuhle. “Indlela” yiphakathi laphakathi yomgwaqo.

<sup>70</sup> Manje, *kuleli* cele, lapho abantu bephenduka, ingqondo zabo zibekwe khona kuKhristu. Njalo nxa befundile kancinyane nje, futhi bengahlali bephansi komkhuleko, bazaqanda okuzwayo, futhi bawome, futhi babelukhuni, labanganakiyo. Futhi-ke nxa belokuqhuqha qhuqha okuncane, nxa ungakhangeli, bazakuba ngabadlulisa amalawulo nje futhi bahlanye, ngakuleli icele, bona, bangena emadlabuzaneni lakho konke.

<sup>71</sup> Manje, kodwa, iBandla leqiniso liVangeli eliphilileyo sibili, khona phakathi laphakathi komgwaqo. Kaliqandi futhi kaliwomanga, njalo kalisikho ukwedlulisa amalawulo. Kungelihle sibili, elidala, iVangeli elikhudumalayo, uthando lukaNkulunkulu oluzwakala enhliziyweni, lihamba khona phakathi laphakathi kwendlela, libiza nhlangothi zombili. Kunjalo. Manje yikho lokho... Futhi uzalithola njani leloBandla? Khona phakathi kweLizwi, iUrimi Thumimi.

<sup>72</sup> Manje, uPhawuli wayefuna ukungenisa lelibandla phakathi laphakathi komgwaqo, ngakho wahamba futhi wafunda iminyaka emithathu eMibhalweni ayeyazi. Ngakho-ke, uPhawuli wabhala ingxenye enkulu yaleli Thestamente eliTsha. UNkulunkulu wamenza ukuthi enze lokho ngoba kusiza isikhathi sabezizwe. UMathewu, uMakho, uLukha, loJohane, amavangeli amane, kwakungamaJuda. Kodwa uPhawuli wabhala ubunengi bezincwadi.

<sup>73</sup> Manje nanzelelani, manje, sizaqala ukuthola lesisesekelo manje, lapho akhona, eYibhala, esentolongweni. Futhi ube lesehlakalo sonke lesi. Kodwa, kuqala, lesisehlakalo safakazelwa kuqala, futhi leyi yincwadi yakhe eyisiqokoqela kikho. Leyi yincwadi yakhe eyisiqokoqela. AbaseRoma labaseEfesu, lokunjalo, balendawo yabo, kodwa leyi yincwadi eyisiqokoqela.

<sup>74</sup> Manje, isahluko sonke sika 1, siphakamisa uJesu, lokumehlukanisa Ekubeni ngumprofethi. Yindikimba yonke manje. Ngizazama ukungena kikho ngokuphangisa engikwenelisayo khathesi, ukuze singahlali isikhathi eside. Indikimba yonke, yikwehlukanisa esitsha isahlu... esitsha... Isahluko 1, sehlukanisa uJesu kuloba nguphi umprofethi, kumbe loba nguphi umthetho, kumbe okunjalo, futhi kutshengisa ukuthi uJesu Ungubani. Manje khangela, "UNKulunkulu." Siyaqala, ibala lokuqala, "UNKulunkulu."

*UNKulunkulu, endu...owathi ngezikkhathi  
zendulo...*

*Endulo kutsho ukuthi "kudala dala," isikhathi sangemuva.*

*...izikhathi zendulo langezindlela ezitshiyeneyo  
wakhuluma endulo kubobaba ngabaprofethi,*

<sup>75</sup> Manje, bona, "UNKulunkulu, ngezikkhathi zasendulo, emuva-le, Wakhuluma kubobaba ngabaprofethi." Yiyo indlela okwakufanele anikeze ngayo uMbiko Wakhe, ngomprofethi Wakhe.

<sup>76</sup> UNkulunkulu wayethumela umprofethi Wakhe njengo Elija, uJeremiya, uIsaya. Futhi nxo ungananzelela, akukaze kuyo yonke imbali yomhlaba, ibandla elake laveza umprofethi. Kuhlole kuThestamente eliDala, iThestamente eliTsha, kumbe kulolusuku, osukwini lokucina. Ngitshengisa umprofethi owake wavuswa ephuma ebandleni ngosuku lokucina. Ngitshengisa oyedwa owake wavuka, waphuma. Futhi ngitshengisa isikhathi

esisodwa lapho umprofethi, inceku kaNkulunkulu eqotho, leyo uhlelo lwezenkolo yomhlaba olungazange lumlahle.

<sup>77</sup> Kucabange nje. UJeremiya, uIsaya, konke kusehla kuThestamente eliDala, bayakulahla. UJesu wathi, "Licecisa amangcwaba abaprofethi liwenza abemhlophe futhi yini elabafaka phakathi lapho." Kunjalo.

<sup>78</sup> Ibandla liyaqhubeka ngalokho. Khangela uPatrick oNgewelete. Lina bantu beKatalika lithi ngowenu. Akasuye mKatalika njengami ngingayisuye. Kunjalo. Kodwa lithi ngowenu.

<sup>79</sup> Khangela uFrancis oNgewelete weAssisi. Lithi ngowenu. Akasuye umKatalika njengami ngingayisuye.

<sup>80</sup> Khangela uJoan weArc. Lamtshisela esigodweni, njengomthakathi, ngoba wabona imibono futhi ungokamoya. Lamtshisela esigodweni. Futhi lowomfazi ekhalela isihawu, futhi bamtshisela esigodweni. Phose iminyaka elikhulu isiyedlule, bafumana ukuthi wayengu mprofethikazi. Wayeyinceku kaNkulunkulu. O, ngoba, lenze isijeziso esikhulu: lagebha imizimba yabapristi futhi layiphosela emfuleni.

<sup>81</sup> "Liyacecisa amangcwaba abaprofethi, futhi labafaka phakathi lapho." Kuqondile. Uhlelo lwezenkolo kalukaze luveze umuntu kaNkulunkulu; kalukaze lukwenze, kalukwenzanga lamuhla, futhi kalusoze lukwenze. Inkolo ehleliweyo kayikaze ibe yindikimba kaNkulunkulu.

<sup>82</sup> Ibandla elidala kulawo wonke elahlelwayo emhlabeni libandla leKatalika; uLuther, ngowesibili; khona-ke kwabuya uZwingli; emva kukaZwingli, kweza uCalvin; uCalvin, kusiya, amaAnglican, iAnglo-Saxons ingena, khona-ke ibandla leAnglican; leNkosi uHenry wesFicaminwembili, lapho ephikisa, lokunjalo; futhi kusehla kusiya kuMethodisti kaWesley, lamaNazarene, iPilgrim Holiness; futhi kusehla kusiya ekucineni, yiPhentekhostali, bonke bazenza inhlanganiso. Futhi iBhayibhili liyafundisa sobala ukuthi ibandla leKatalika lingu—lingumfazi olodumo olubi, lamabandla eProtestanti lezinhlanganiso zavo zingamadodakazi akhe, iSambulo 17. Kunjalo sibili. Ngakho bayi...

<sup>83</sup> Hatshi abantu, manje. Kulokuhle kuwo wona wonke amabandla; abangewelisiweyo, abantu abasindisiweyo. Kodwa uNkulunkulu akabizi abantu Bakhe ngenhlanganiso. Ubabiza mutu ngamunye. UNkulunkulu usebenza lomuntu ngamunye, loba unguMethodisti, umBaptisti, umProtestanti, lomKatalika, kumbe loba yini oyikho. UNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa komhlaba, wakwazi, futhi wakumisela ngaphambilili eMpilweni elaPhakade, kumbe loba wawumiselwe ngaphambilili ekulahlekeni okulaPhakade. Hatshi...

<sup>84</sup> Wayengathandi ukuthi ubhujiswe, ukuthi ubhubhe. Kodwa, Yena engelamkhawulo, Kwakufanele abekwazi isiphetho kusukela ekuqaleni, kungenjalo Akasiye Nkulunkulu. Ngakho uJesu kezanga emhlabeni ukuthi athi nje, “Awu, ngizabona nxa omunye umuntu elesihawu... Nxa Ngingenza futhi ngife, ngendlela enzima, mhlawumbe bazacabanga, ‘Awu, Ngi...’ Kuza—kuzancenga inhliziyo zabo, futhi baza...” UNkulunkulu kaphathi umsebenzi Wakhe njenga lokho.

<sup>85</sup> UJesu walanda injongo eyodwa ebalulekileyo, leyo, yikusindisa labo uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa komhlaba, wazi ukubana bazasindiswa. Watsho njalo. Kunjalo. Ngakho liya... “Akusuye othandayo, kumbe lowo ogijimayo; nguNkulunkulu otshengisa isihawu.” UPhawuli wakutsho lokho. Umuntu ofanayo lapha.

<sup>86</sup> Wathi, “Yiso isizatho uNkulunkulu wayengathi, ngaphambi kokuba uEsawu kumbe uJakhobe bengakazalwa, Wathi, ‘Ngithanda oyedwa futhi ngizonda omunye.’” Ngaphambi kokuba omunye umfana azalwe, uNkulunkulu wayekwazi ukuthi Esawu wayeliqili, futhi Wayekwazi ukuthi uJakhobe waye... wathanda ubuzibulo bakhe. Ngakho Wayekwazi, ngaphambi kokubunjwa komhlaba, mayelana ngakho. Manje, sizakufumana ngomzuzu ukuthi wayengubani Lowo owayekwazi. Isahluko lesi silakho.

UNkulunkulu,...ngesikhathi *sendulo* langendlela  
ezitshiyeneyo wakhulum...kubo *baba ngabaprofethi*,

*Ngalezi insuku zokucina ukhulume kithi ngeNdodana*  
*yakhe,...*

Uyenzeni? “Ukhulume kithi kulezinsuku zokucina ngeNdodana Yakhe.”

<sup>87</sup> Manje, ungocabanga njani-ke, ukuthi, umprofethi engaba yini? Singaba lomprofethi khona-ke walolusuku na? Ngempela. Engakhuluma ngathi na? Sibili. Kodwa lowo... Abaprofethi bosuku lwakudala kwakunguMoya kaJesu Khristu.

<sup>88</sup> Manje, kasikubambeni lokho ngokuqondileyo, ngoba kangicabangi ukuthi ngabe kuthophela kahle. Manje, lokhu kunjengeSikolo seSonto, ngakho sifuna ukwenza lokhu kubesobala. Bona?

<sup>89</sup> Nanzelela. Kasithatheni uMoya kaNkulunkulu owawukuMose, ngokupheleleyo i...lithunzi langaphambilikaJesu Khristu. Bonke abantu beTheStamente eliDala bafanekisa ngaphambilili isiphambano. UMose, ezelwe engumntwana omuhle, efihlwe emihlangeni, wasuswa ebazalini bakhe, lokunjalo, futhi waye... Wayeyinkosi, kumbe u—umkhokheli, usigobamthetho, ummeli, umpristi. Konke ayeyikho kwafanekisa ngaphambilili uKhristu.

<sup>90</sup> Khangela uJosefa, ethandwe nguyise, ezondwa ngabafowakhe, futhi wathengiswa phose amatshumi amathathu enhlamvu zesiliva. Waphoselwa egodini, kuthiwa ufile; wakhutshwa. Ekuhlutshweni kwakhe, umphathi zitsa wasindiswa, futhi umthengisi wenyama walahleka; amasela amabili esiphambanweni. Futhi-ke lapho ephuma, waphuma phandle komgodi lowo, futhi wabekwa esandleni sokunene sikaFaro, elikhulu lokuthengiselana...i—i—ilizwe elanqoba umhlaba wonke. Futhi akula muntu owayengabuya kuFaro ngaphandle kokubuya ngoJosefa; uJesu ehlezi esandleni sokunene sikaNkulunkulu, futhi akula muntu ongabuya kuNkulunkulu ngaphandle kokubuya ngoKhristu. Futhi lapho uJosefa etshiya leso sihlalo futhi aqale ukuphuma, abantu bahamba phambi kwakhe, beklabalala futhi bevuthela amacilongo, bezwakalisa uphondo, besithi, “Guqani ngedolo! UJosefa uyeza.”

<sup>91</sup> Futhi lapho uJesu esiza, upondo luzakhala, futhi idolo lonke lizaguqa, lolimi lonke luzavuma. Yebo, mnumzana. Nango Elapho.

<sup>92</sup> Futhi lapho uJosefa esifa, watshiya isikhumbuzo kibo ababelindele ukukhululwa.

<sup>93</sup> Ngabeka isandla sami phezu kwebhokisi elidala, lapha kungasi kude, lenzwa ngomthofu. Futhi umzimba wakhe wawufanele uhiale...amathambo akhe...Wathi, “Lingangingcwabi lapha, ngoba ngolunye usuku, uNkulunkulu uzalivakatshela.” Wayengumprofethi. “UNkulunkulu uzalivakatshela.” Futhi wathi, “Lapho lisiya elizwени lesithembiso, thathani amathambo ami.”

<sup>94</sup> Wonke umHebheru omdala, etshaywe umhlane futhi elegazi, wayengakhangela kulelo bhokisi futhi athi, “Ngolunye usuku, siyaphuma.”

<sup>95</sup> UJesu watshiya isikhumbuzo, ingcwaba elingelalutho. Ngolunye usuku lapho sisiya ethuneni, labathandekayo bethu, futhi sizwe amagade amadala amancinyane, lapho besithi, “Imilotha emlotheni, lothuli othulini, lomhlabathi emhlabathini.” Kodwa, mfowethu, singakhangela phetsheya kolwandle, engcwabeni elingelalutho. Ngolunye usuku, siyaphuma lapha. Siya eKhaya. Uyeza. Into yonke yafanekiswa.

<sup>96</sup> Khangela uDavida, eyalwe ngabantu bakhe, ekhutshwe esihlalweni sobukhosи ngabantu bakhe uqobo. Eyinkosi yeJerusalema, wakhitshewa phandle kweJerusalema ngabantu bakhe uqobo. Futhi lapho esenyukela eNtabeni iOlive, wakhangela emuva futhi wakhala. Walahlwa.

<sup>97</sup> Iminyaka engamakhulu ayisificaminwembili kusukela lapho, iNdodana kaDavida, iNkosi yeJerusalema, wahlala phezu koqaqa futhi wakhala, ngoba Walahlwa.

<sup>98</sup> Lowo kwakunguMoya kaKhristu kuDavida. Konke kwakulithunzi langaphambili lesiphambano. Labo baprofethi emuva lapho bakhuluma eBizweni Lakhe. Baphila eBizweni Lakhe. Benza eBizweni Lakhe. Sibili. “UNkulunkulu ngezikhathi zendulo langezindlela ezitshiyeneyo wakhuluma kubobaba ngabaprofethi, kodwa kulolusuku lokucina ngeNdodana Yakhe.”

<sup>99</sup> Ngakho abaprofethi lamadoda bakamoya, lolusuku, bayisibenyezelo sikaKhristu kuphela. Lapho, ngomthetho bama, khangela. Ngangapha bayama, bekhangela emuva ngolunye uhlangothi, ngomusa.

<sup>100</sup> Ukuthi kumaHebheru 11, isahluko sokucina, nighlezi ngikumangala lokho. Esahlukweni sokucina, ingxenye yokucina yesahluko 11 samaHebheru, lapho ekhuluma mayelana ngoAbrahama. Isahluko esikhulu sokholo, futhi ekucineni, wathi, “Bazulazula bembethe izigogo zemvu lezigogo zembuzi, futhi benziwa insweli, futhi basahwa. Bazulazula, kungelandawo yokuya, bazondwa, futhi beyiswa, futhi bahlutshwa. Bona labo, lumhlaba kawubafanelanga abantu abanjalo.”

<sup>101</sup> Khona-ke uPhawuli uyama futhi wathi, “Kodwa bengalathi kabaphelelanga.” Ngoba bakhangela kuphela esiphambanweni, futhi sikhangela *kudlula* esiphambanweni. SiloMoya kaKhristu emva kokuba Usube yinyama yomuntu futhi wahlala phakathi kwethu. Sibuya lapha ngoMoya oNgewe, okulicebo elingcono kakhulu.

<sup>102</sup> Futhi kwezinye izikhathi ngiyamangala lokho isiKhristu esikukhangeleyo lamuhla. Umtshumayeli esiya edolobheni kufanele abe...kumbe elinye ibandla elitsha kumbe esinxe isilayo esitsha, ozibiza ngokuthi umprofethi, uhamba phezulu lapho, athi, “Awu, nxa bengangipha imali enengi kangako. Nxa ngingaba lemota enhle kulazo zonke. Nxa benga...Nxa iholo lami lingakhwezwa zonke inyanga eziyisithupha.”

<sup>103</sup> Kufanele sibe lokuhle kakhulu. Kumele sibe lamakhaya amahle ukwedlula amanye. Kumele sibe lezigqoko ezinhle kulazo zonke. Sizakwenza njani lapho sisima phambi kwalawo madoda abazulayo, ngezigogo zembuzi lezigogo zemvu, bengelandawo yokubeka amakhanda abo, bezulazula enhlane? Futhi omunye umuntu engasenza inhlekisa futhi silungele ukutshiya ibandla futhi singabuyeli njalo futhi. Lokho isiKhristu esikudingayo lamuhla. Kumele siyangke ngokwethu.

O Nkulunkulu, woba lesihawu kithi.

<sup>104</sup> Kulolosuku, Wakhuluma ngabaprofethi, kodwa kulolusuku ngeNdodana Yakhe. Lelo kwakuyilizwi lomprofethi, lapho. Leli yiLizwi leNdodana, lamuhla. O, malibusiswe iBizo leNkosi!

<sup>105</sup> Ngamanye amazwi, nxa ukhangele ethunzini, inegethivi, ungenza iphutha. Kodwa Lokhu kukhulisiwe, umfanekiso usobala. Lokho kwaku ngomprofethi; lokhu kungeNdodana Yakhe. Lokho kwakungenegethivi; lokhu kungephozethivi. Ameni. Liyakubona na? Kalikho ithuba lokulahlekelwa. Kuyinto eqotho, lolusuku ngeNdodana Yakhe. O, Kumangalisa kangakanani!

...ayimise ibe yindlalifa . . . (O, mina-bo!) . . . indlalifa  
yezinto zonke, . . .

<sup>106</sup> Kwakuyini? Kwakungokumisiweyo. O, lalelani. Wayemisiwe, uKhristu wayemisiwe, indlalifa yento zonke. O, udeveli wayekwazi lokho, kusukela esivandeni seEdeni, uyabona, lapho udeveli esezwile iLizwi lelo lapho lolosuku, ekwahlulelwemi kwalabo bantu. Wathi, “Ngoba uvela ethulini, ethulini uzabuyela; futhi iNzalo yomfazi izachoboza ikhanda lenyoka.” INzalo ethenjisiweyo.

<sup>107</sup> USathane waqhube ka ekhangele leyo Nzalo. Lapho uAbhela esezelwe, wathi, “Nanko-ke, yiyo inzalo.” Futhi wabulala uAbhela. Indodana yakhe, uKhayini, wabulala uAbhela. Futhi masinyane lapho uAbhela esifa, wathi, “Ngiyitholile inzalo.” Wayibulala. Wathi, “Ngiyitholile.” Kodwa, ukufa kukaAbhela, ukuzalwa kukaSethi kwakuyikuvuka njalo. Khangela ukuthi behla njani.

<sup>108</sup> Lolo sendo lukaSethi, lwehla phansi, ezithobileyo indoda elungileyo; kusiya kusehla kuEnoki; kusiya kusehla kuNowa, kusiya ekucineni kokubhujiswa komhlaba ngozamcolo.

<sup>109</sup> Khangelani usendo lukaKhayini, babangabantu abakhaliphileyo, abafundileyo, abesayensi. Alitsho na iBhayibhili ukuthi . . . Akazange atsho uJesu, ukuthi, “Abantwana balumhlaba bahlakaniphile ukwedlula aBantwana boMbuso”? Khangelani ehangothini lukaKhayini khona lamuhla: bakhaliphile, bafundile, bangabathandabuzayo, abangabenkolo sibili; bona, abangabenkolo sibili, kodwa bengabesayensi, abakhi, abantu abakhulu.

<sup>110</sup> Thatha amadoda amakhulu. Khangela uThomas Edison, amadoda amakhulu amanengi. Khangela uEinstein, ingqondo zomhlaba, ngokutshiwoyo, lamuhla, ingqondo zomhlaba. Kodwa asizami ukusebenzisa ingqondo. Siyekela uMqondo owawukuKhristu ubekithi, futhi sikhangele kuleliLizwi, futhi silibize ngokunjalo.

